# *ISONO SOKUNGAKHOLWA*

Asibe silokhu simile umzuzwana nje, uma nithanda, senzele umkhuleko.

2 Nkulunkulu othandekayo, siyabonga ngalokhu, enye inhlanhla ukuba ngakuloluhlangothi lwePhakade ukushumayela iZwi leNdodana yaKho futhi. Sizocela kulobubusuku ukuthi Uzokhuluma kithi ngendlela ekhethekile ngeZwi laKho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . sibe nenhlanganyelo enhle kaMoya oNgcwele ezimpilweni zethu, emlayezweni wethu kulobubusuku. Futhi kwangathi i, labo abadingayo bangathola lokho abakudinga ngempela. Sikhulekela ukuthi Uzophulukisa abagulayo kulobubusuku, futhi, Nkosi. UZitholele udumo. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

3 Ningahlala phansi. Emva kwalesosikhathi esimangalisayo senhlanganyelo kulokhu ukusa ekudleni kwasekuseni kweFull Gospel Business Men, sibe nje nenhlanganyelo enkulu, futhi sibonga iNkosi ngalokho.

4 Futhi manje kulobubusuku, sibona ukuthi abaningi benu bamile, futhi ngenkathi senyuka, bekunabantu phandle esitaladini behamba bengenandawo yokuba kuyo, ngakho sifuna ukusheshisa nje ngokukhulu ukushesha esingakwenza.

5 Futhi ngizwe ngendodana yami, ebingilindile emnyango, ukuthi ngi—ngizokhuluma futhi kusasa ntambama, ngiyacabanga, kulendawo, okwesikhathi esifishane nje, iNkosi ithanda, ngizokhuluma ngendaba khona-ke: *Kungani Ngifanele Ngizalwe Ngokusha na?*, omncane nje, umlayezo weVangeli, kafushane, hhayi ngaphezu kwamashumi amabili, imizuzu engamashumi amathathu, niphume ligamenxe elesithathu ukuze nikwazi ukuya ekhaya futhi niphumule futhi okwakusasa kusihlwa. Kusasa kusihlwa silindele ukuba nenkonzo yokuphulukisa, bese kuthi-ke siqhubeke kuze kube ngoLwesithathu olulandelayo ebusuku.

6 Ngifisa ukufunda kulobubusuku umBhalo omncane, ukuthola nje ukuhleleka kwe . . . umuzwa womhlangano, utholakala ngale kuMathewu oNgcwele 12, ivesi 42, ukuthola nje isendlalelo salokho esifuna ukukusho, ingqikithi encane.

> Futhi *indlovukazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.*

7 Manje, ngingathanda ukuthatha indikimba kulobubusuku, uma iNkosi ithanda, ngendaba ethi: *Isono Sokungakholwa.*

8 Futhi ngempela sinye kuphela isono, nalokho ngukungakholwa. Izikhathi eziningi sicabanga ukuthi isono ngukuphuza, nokugembula, nokuphinga, kodwa lokho akusiso isono, lokho nje yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa. Owesilisa wenza lokho, nowesifazane, ngoba abakholwa iNkosi uJesu. Uma bebekholwa yiNkosi uJesu, khona-ke bebengeke bazenze lezozinto. Ngakho isono, esikubiza ngesono, yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa. Futhi mibili kuphela imimoya elawula umuntu, lokho kuphakathi kokuthi ukukholwa kwakhe noma ukungakholwa. Ngamunye wethu kulobubusuku ungenwe ngomunye noma omunye waleyomimoya.

9 Nokungakholwa kuyinto embi kabi. NoJesu lapha wayekade efundisa nje kubantu futhi ebasola ngenxa yokungakholwa kwabo. Futhi esahlukweni esedlule Wayethe, "Wena Sidoni neKapernawume, abaphakanyiselwe eZulwini bayakwehliselwa esihogweni, ngokuba uma imisebenzi yamandla yayenziwe kini, eSodoma naseGomora, nakweminye imizi, uma imisebenzi yamandla yayenziwe e—eSodoma naseGomora eyenziwe eKapernawume," wathi, "ibiyobe isamile kuze kube yilolusuku."

10 Ngakho kungani iSodoma neGomora lalingamile na? Babenengelosi, babenoMlayezo wokukhululwa, babenesiprofetho, izexwayiso zikaNkulunkulu, futhi behluleka ukukwemukela. Futhi namhlanje iSodoma neGomora lilele phansi ekugcineni koLwandle oluFile, akusekho ngisho izinsalela zalo ezisele, leyo yimiphumela yokungakholwa. NoJesu wathi, "Omkhulu ulapha manje kunalowoMlayezo," futhi basalokhu bengakukholwa.

11 Futhi khona-ke Wabhekisela kukho, futhi Wayesanda kubizwa ngoBelzabule. NoBelzabule kwakucatshangwa ukuthi wayeyinkosana yodeveli. Futhi ngenxa yokuthi Wayekwazi ukwehlulela imicabango yabantu, ebatshela ukuthi babekuphi nokuthi babenzeni, bathi Wayengumoya omubi kuYe enza lokho.

12 Ubungathini nje abesilisa nabesifazane ababezungezwe ngaphansi kokufundwa kwemiBhalo eminyakeni futhi babenezikole ezinkulu zomoya futhi bebeyoba sesimweni, kuze kuthi babone okunjengalokho, futhi bakubethele phansi njengodeveli esebenza, lapho imiBhalo wawucaphune ngokusobala ukuthi lokho kuyoba yikho na? Futhi babethatheke kakhulu ezimfundisweni ezingaphikiswa ezingezabo nasesayenseni yezenkolo engeyabo baze behluleka ukuMqonda.

13 UNkulunkulu kuyo yonke iminyaka usebenze ngabantu; nesizathu sokuthi bengaMkholwanga, ngoba Wayenza lemisebenzi emikhulu kaNkulunkulu, nokho, enguMuntu. Kodwa kuyamthokozisa uNkulunkulu ukuZibonakalisa ngezikhonzi zaKhe, ngokuba uNkulunkulu unguMoya. Futhi uNkulunkulu wabonakaliswa Yena uqobo ngeNdodana

yaKhe, iNkosi uJesu. Futhi babezama ukusho ukuthi Wazenza uNkulunkulu, futhi bathi umuntu oyokwenza lokhu ubeyofanele ukukhandwa ngamatshe noma abulawe, isijeziso sokubulawa, okungukuthi ukukhandwa ngamatshe kwakungukujeziswa ngokubulawa, futhi nje abakwazanga ukubona ukuthi Yena enguMuntu wayengakwenza kanjani lokho.

14 Nezwe alikashintshi kakhulu. Kusenzima kubantu ukubona ukuthi uNkulunkulu unguMoya osebenza ngabantu. UNkulunkulu njalo ubesebenza ngomuntu, yonke iminyaka. Uzibonakalisa Yena uqobo ngoMose, nango-Eliya, nangoNowa, ngo-Enoke. Yonke iminyaka uNkulunkulu wazibonakalisa Yena uqobo ngokuzisebenzela kwaKhe, umuntu. Futhi Wethembisa ukuthi kulonyaka wabeZizwe Uyozibonakalisa qobo lwaKhe ngezikhonzi zaKhe, iBandla. Kodwa inkathazo yakho ingukuthi namhlanje, ukuthi ngamunye ufuna ukuthi, "LeloBandla Ayekhuluma ngalo kusho ihlelo lami," futhi ungeke ukuvumele komunye umfo. Kodwa uNkulunkulu akasebenzi ngamahlelo, Usebenza ngabantu ngamunye.

15 Futhi siyathola lapha evesini eledlule ukuthi Uyabasola futhi etshela lababantu ngesono sabo sokungakholwa, Wakusho lokho, wakhuluma ngoJona, nokuthi uJona waya kanjani emzini wabantu abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili, noNkulunkulu wamthumela ezansi lapho nomlayezo kulabobantu. Futhi iningi lethu liyayazi indaba ukuthi wathatha kanjani umkhumbi oya eTharishishi, futhi esendleleni yakhe ehla kwaqubuka isiphepho.

16 O, kunezikhathi eziningi esithanda ukusho ukuthi uJona wayengaphandle kwentando kaNkulunkulu ngakho konke, futhi angahle ukuba wayenjalo, ngokokuthunywa, kodwa uNkulunkulu wenza konke kusebenzelane kube ngokuhle kwabaMthandayo. Futhi Waphendula lolohambo lomprofethi ongalaleli lwaba ngesinye sezibusiso ezinkulu kunazo zonke esingafunda ngazo. Kwathi umkhumbi usuzocwila, bambopha izandla nezinyawo base bemphonsa ngaphandle komkhumbi, nenhlanzi enkulu yeza emanzini futhi yamgwinya.

17 Futhi noma ubani uyazi emva kokudla kwenhlanzi, iya phansi ekugcineni kwamanzi futhi lapho iphumuza izigwedli zayo phansi ekugcineni. Phakela izinhlanzi zakho ezincane ezisagolide, zibhekisise ukuthi zehlela kanjani ekugcineni. Emva kokuba zizingele emanzini futhi zithola lokho ezifuna ukukudla, khona-ke ziyehla bese ziphumuza izigwedli zazo ezincane phansi ekugcineni, zonke izinhlanzi zenza lokho.

18 Nalenhlanzi enkulu uNkulunkulu ayeyilungiselele, esikholwa ukuthi ingumkhomo, ngenkathi isigwinye uJona, yasuka yehlela phansi ekugcineni ukuba iphumule, ngoba kufanele ukuthi kwakungukubhukuda okunzima impela phezulu lapho esiphephweni esikhulu, sishaya amanzi esuka

ngapha eya ngapha, kodwa yayigcwele esiswini, ngakho yacabanga ukuthi yayizokwehla nje futhi iphumule.

19 Futhi bengicabanga kaningi lapho ngizwa abantu besho ukuthi, "Awu, ngemukela uKristu njengoMsindisi wami, kodwa, uyazi, ngi—ngingeke nje ngakuphila," noma uzwe omunye ethi, "Ngemukela uKristu njengoMphulukisi wami, futhi, o, angazi, a—a—angiboni nje ukuthi isandla sami singcono. Isisu sami esinezilonda ngaphakathi asizwakali singcono. Ikhanda lami aliyekanga ukuba buhlungu," khona-ke usekucabangeni kwengqondo nje wemukela uKristu. Lapho ubamba uKristu enhliziyweni, akukho-zimpawu ezikukhathazayo kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, akunandaba ukuthi kwenzekani, usalokhu ubiza iZwi likaNkulunkulu ngeQiniso.

20 O, leyondawo encane engcwele ukuthi lapho umuntu engahlangana khona noNkulunkulu, njengoba uMose ayenayo kwingemuva logwadule! Emva kweminyaka engamashumi amane yokufunda okuhle, iziqu eziphakeme kunazo zonke ezikhona, ezazinganikezwa, azi isikhundla sakhe njengomkhululi nanjengomHeberu, futhi azi ukuthi uNkulunkulu wayembizele ukuthunywa, futhi nokho wayazi kakhulu ngoNkulunkulu emizuzwini emihlanu eBukhoneni balesosihlahla esivuthayo, kunayo yonke iminyaka yakhe engamashumi amane yesayense yezenkolo amfundisa yona, wayeseBukhoneni bukaNkulunkulu.

21 Futhi wonke umuntu oya ensimini ukuyoshumayela iVangeli akafanele neze asuke, aze abe nalesosehlakalo sangemuva-kogwadule. Akekho obengachaza lokho kuphume engqondweni yakho. Akunandaba ukuthi bayisonta kangakanani imiBhalo futhi basho *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, uma uke wahlangana noNkulunkulu ubuso nobuso embhaphathizweni weqiniso kaMoya oNgcwele, abekho osiyazi bezenkolo abenele ezweni ukuba bake bakusule enkumbulweni yakho, kukhona okwenzekile, wawulapho. Lapho umuntu ethola leyondawo, akekho ongakuchaza akususe kuye.

22 Futhi lapho umuntu ethola leyondawo kuKristu, lokho kukholwa okuthi, "Ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe," bekuyo, bekungeke kube nodokotela abenele ezweni abakutshela ukuthi ubusuzofa, akunandaba ukuthi izimpawu zakho ziyini, usakukholwa, noma kanjani.

23 Njengo-Abrahama, owabiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona, wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, ekholwa ukuthi Wayekwazi ukwenza lokho Ayekwethembisile. Inkathazo yakho ikanye nebandla namhlanje, siza ngethemba esikhundleni sokukholwa. Ukukholwa kuqinisekile, ukukholwa akudingi-sikhuthazi, ukukholwa kuyazi ukuthi kukhuluma ngani, ukukholwa kuqinile, ukukholwa kuneziboya esifubeni, kuyakhuluma futhi zonke ezinye zithule du. Izimpawu azikwazi

ngisho ukukhuluma nhlobo lapho okwangempela, ukukholwa kokumesaba uNkulunkulu kukhuluma, kunephansi, kuyazi ukuthi kukuphi, kube nesehlakalo.

24 Lapho ngizwa abantu besho ngezimpawu zabo, ngicabanga ngoJona, uma kwakukhona noma yimuphi umuntu owayenelungelo lokukhononda ngezimpawu, kwakuyoba nguJona. Besingacabanga ukuthi wahlubuka, ngoba wayephumile entandweni kaNkulunkulu ngenkathi ehlulekile ukwenza lokho uNkulunkulu ayemtshele ukuba akwenze. Futhi khona-ke waye, enezandla zakhe ziboshwe emva kwakhe, wayesesiswini senhlanzi, futhi iphumela olwandlekazi olunesiphepho nesiphepho esinamandla esikhulu phezu kolwandlekazi, esiswini somkhomo nokhula lwasolwandle luzungeze intamo yakhe nobuhlanzo, futhi uma wayebuka *ngapha* kwakuyisisu somkhomo, yonke indlela ayebuka ngayo kwakuyisisu somkhomo. Ukhuluma ngezimpawu! Wayenazo. Akukho-muntu lapha kulobubusuku okulesosimo.

25 Kodwa bukani ukuthi lowomfo wenzeni, sicabanga ukuthi wahlubuka futhi waphuma *kanjalo* entandweni kaNkulunkulu, futhi sisentandweni yaKhe ngokuphelele, futhi ngaphansi kwalolohlobo lokuhleleka wathi, "Kuyize kwamanga, angeke ngize ngikubuke, kepha ngizophinde ngibheke ithempeli laKho elingcwele." Ngokuba wayazi ukuthi ngenkathi uSolomoni enikela ithempeli futhi wakhuleka lomkhuleko kuNkulunkulu: "Uma abantu baKho besenkathazweni nomaphi, futhi bezobheka ngakulelithempeli elingcwele, khona-ke yizwa umkhuleko wabo, Nkosi, futhi ubakhulule."

26 Futhi wayekholelwa emkhulekweni kaSolomoni nethempeli elakhiwa ngumuntu. Futhi ngaphansi kwalezozimpawu nalezozimo, uma wayengawukholwa umkhuleko kaSolomoni, nethempeli elalenziwe ngabantu, besifanele sibe yini kulobubusuku ngaphansi kwalezizimo, ungabheki ithempeli elenziwe ngezandla, noma umuntu wasemhlabeni okhulekile, kodwa esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu qobo lwaKhe lapho uJesu emi khona ngakwesokunene saKhe, ngeGazi laKhe uQobo lenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu, ngenkathi Efela leyonhloso na? Sifanele sibheke kude ezimpawini zethu, futhi sibize lezozinto ezikhona, ngokungathi azikho; uNkulunkulu wenza isithembiso. Futhi bukani ukuthi uNkulunkulu wamenzelani lowomprofethi phansi kwalezozimo: Wamgcina ephila izinsuku ezintathu.

27 Manje, siyazi ukuthi abantu baseNineve babekhonza izithombe, nonkulunkulu wabo wolwandle kwakungumkhomo. Futhi wonke umdobi ngasosebeni, futhi nakhu kuza umkhomo ubhukuda ngqo ogwini, futhi ukhafula umprofethi ogwini: unkulunkulu eveza umprofethi. Impela, babeyokuzwa.

28 Futhi lapho edabula umuzi eshumayela, abantu ababengazi

ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele baphenduka, baze babeka umlotha nendwangu yamasaka ezilwaneni zabo. NoJesu wabhekisela kulokho, ukuthi abantu baseNineve baphenduka ekushumayeleni kukaJona, futhi Wathi, "Lapha kukhona omkhulu kunoJona." Futhi baMbiza ngoBelzabule.

29 Khona-ke Wabhekisela endlovukazini yaseNingizimu, esiyaziyo ukuthi iyindlovukazi yaseSheba. Futhi manje, uma uzokala ebalazweni lakho ukuthi kukude kangakanani ukusuka ePalastine kwehlele eSheba . . . Manje, ngezinsuku zikaSolomoni uNkulunkulu wayesebenza.

30 Kanti futhi, Akakaze ashiye abantu baKhe bengenafakazi, yonke iminyaka uNkulunkulu ubeneziphiwo zaKhe kubantu baKhe. Vele uthole lokho futhi: Kuyo yonke iminyaka uNkulunkulu ubenommeleli waKhe emhlabeni, akakaze angabi naye ufakazi.

31 Futhi ngezinsuku zikaSolomoni, uNkulunkulu wayephe uSolomoni isipho. Futhi lapho uNkulunkulu ethumela isiphiwo esinjalo, futhi uma abantu besala, kuba yinxushunxushu kubantu; kodwa uma abantu bemukela isiphiwo esinjalo, khona-ke ngunyaka wegolide kulabo bantu.

32 Futhi Wayezama ukubazisa ukuthi lowo kwakungunyaka wabo wegolide, kodwa abawemukelanga, Wathi, "Ngifikile futhi ngenza imisebenzi kaNkulunkulu phambi kwenu, futhi aniNgikholwa." Wathi, "Bhekisisani ukuthi kwenzekani ngezinsuku zikaJona, futhi bhekisisani ukuthi kwenzekani ngezinsuku zikaSolomoni." Manje, ake sithathe lokho imizuzu embalwa nje, futhi bukani ezinsukwini zikaSolomoni ngenkathi uNkulunkulu enika uSolomoni isipho esikhulu sokubona okufihlakele, futhi wonke u-Israyeli wabuthana ngakuso.

33 O, bekungeke yini kube wusuku olukhulu namhlanje ukuba onke amabandla abengabuthana azungeze iSipho esikhulu sikaNkulunkulu, uMoya oNgcwele na? Bekungeke yini kumangalise uma nje besingakhohlwa ukwehluka kwethu namahlelo, futhi nje sibuthane ngaseSiphiweni esikhulu kunazo zonke uNkulunkulu ake asithumela emhlabeni, uMoya oNgcwele na? INdodana yaKhe yafa ukuze Afike.

34 Wena uthi, "UMoya oNgcwele uyiSipho esikhulu kunoKristu na? NgoKristu kwafika uMoya oNgcwele."

35 Ngenkathi beMbiza ngoBelzabule, Wathi, "Nisho lokho ngokumelene naMi, iNdodana yomuntu, Ngizonithethelela, kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile futhi wenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, noma izwe elizayo." Futhi lolu wusuku olukhulu kunalolo lwaluyilo, uMoya oNgcwele usebenza emhlabeni wonke eBandleni laKhe.

36 Futhi bekungeke kumangalise na? Bekuyoba njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaSolomoni. Futhi noma ubani uyazi

ukuthi leyo kwakuyiminyaka eyinkulungwane yegolide ka-Israyeli, ngezinsuku zikaSolomoni, bakha ithempeli, zonke izizwe zabesaba.

37 Futhi namhlanje, lapho sinokwesaba okukhulu kakhulu, nama-sputniki ezibhakabhakeni. . . Ngiyabona lapho iRashiya ibeke khona esisodwa ngempumelelo ezansi lapho manje esingaphezu kwethani. Ngolunye lwalezizinsuku sizovuka. Futhi sakha izindawo zokukhosela, ndawo zonke. Izokusiza ngani leyondawo yokukhosela, lapho ibhomu lehayidrojini. . . Njengoba bengikhuluma, inhlanhla, komunye usosayense maduzane nje, uthe, "Mfowethu Branham, lelobhomu lizoqhumisa imbobo emhlabathini amafidi ayikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu ukujula amamayela ayikhulu isikwele."

38 Ukuba-ke ubungamafidi angamakhulu amahlanu ngaphansi komhlaba na? Ngani, ukungqubuzana bekuyofahlaza onke amangqamuzana emzimbeni wakho. Ukuba-ke ubukude ngamakhulu amamayela na? Bekuyobe kusalokhu kwenza okufanayo. UNkulunkulu ukwenzile. . . Akukho ndawo yokucasha phansi lapha ngaphandle kweyodwa, futhi sinompheme webhomu, awenziwe ngensimbi, noma awenziwanga ngaphansi komhlaba, wenziwa ngezimpaphe: phansi kwamaphiko aKhe sizohlala futhi sihlwithwe ngaphambi kokuba lento yenzeke, ukuphepha nokulondeka.

39 Futhi siyabona ukuthi u-Israyeli wayephephile, inqobo nje uma babebuthana ngakuNkulunkulu wabo. Futhi lokhu kufanele ukuthi kwaqala ilukuluku elikhulu, yonke indawo. Abantu abedlulayo babeyobona ukuhlangana nobunye buka-Israyeli, nalokho kwasabalala kusuka esizweni kuya esizweni.

40 Bekuyoba ngendlela efanayo kwelakithi elikhulu, elihle, izwe elithandekayo namhlanje laseMelika, uma onke amabandla abeyohlangana ndawonye namaKristu ahlanganise izinhliziyo zawo ndawonye, "Nabantu ababizwa ngeGama laMi bayakubuthana ndawonye futhi bakhuleke, khona-ke Ngiyakuzwa ngiseZulwini." Bekungeke yini kube ngukwesaba okukhulu kunakho konke iRashiya eyake yaba nakho, ngenkathi bazi ukuthi yonke inhlangano yamaKristu yaseMelika yayihlangene njengeyodwa na? Impela, bekuyoba njalo, akekho ongalwa noNkulunkulu. No-Israyeli wayehlangene kanjalo, futhi babengenazimpi, wonke umuntu wayebesaba; bengesabi u-Israyeli, kodwa besaba uNkulunkulu wabo.

41 Nalo owedlulayo ovela ezingxenyeni ezehlukene zomhlaba, ehamba esuka endaweni eya endaweni, lezizindaba zaze zayothi ngqu ezansi eSheba. Wonke umuntu odlulayo wayethi endlovukazini encane ezansi lapho, "O, ufanele ube phezulu kwa-Israyeli, uNkulunkulu ubathumelele isipho esikhulu,

futhi siyasebenza! Ngangikhona ngenkathi ngikubona kubonakaliswa."

42 Yeka ukuxhuxhuma okufanele ukuthi kwakuyikho! Futhi niyazi, ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu. Futhi ngenkathi lendlovukazi encane yayilokhu izwa abehlukene besho ngokuthi kwakukhona uNkulunkulu phezulu lapho Owayegcobe indoda ngesiphiwo esikhulu, inhliziyo yayo iqala ukulangazelela.

43 UmBhalo usho ukuthi "Ningusawoti womhlaba." Futhi uma ufuna abantu bomele uKristu, yiba nobusawoti nje, yilokho kuphela iBandla elifanele likwenze, usawoti udala ukoma. Kodwa uma usawoti ulahlekelwe amandla awo, ibandla lilahlekelwe amandla alo futhi nje liba amahlelo, kusukela manje akusasizi lutho kodwa ukuba kukhulunywe ngakho, kunyathelwe phansi kwezinyawo zabantu. Usuku olunje pho esiphila kulo! Ukusola okunje pho kubantu! Kodwa impumelelo ikwenzile.

44 Manje qaphelani, nalokho kwenza leyondlovukazi encane ilangazelele ukwenyukela lapho futhi ibone ngakho. Manje khumbulani, yayingumhedeni, umhedeni, futhi ukuze ihambe iyobona ngakho, ngoba into ethize enhliziyweni yayo iqala ukuyitshela ukuthi lokho kufanele kube okwangempela... Niyabo, yayingowebandla, futhi yayinabapristi na—nababhishobhi, kanjalonjalo. Kodwa lonke ibandla layo laliyisihlakaniphi nje, isigejane nje sesayense yezenkolo, futhi yezwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu Owayephila futhi Wazibonakalisa. Nkulunkulu, yiba nomusa!

45 Usiza ngani uNkulunkulu womlando, uma Engesuye ofanayo namhlanje na? Uma umlilo wePhentekoste ungemuhle nje namhlanje njengoba wawunjalo ngaleyonkathi, kusiza ngani ukukhuluma ngawo na? Ukuba-ke umuntu ubebulawa amakhaza futhi wampendela umlilo, futhi wathi ngelinye ilanga umlilo wavutha na? Lokho ngeke kumenze afudumale. Akawufuni opendiwe, umlilo womlando, uma efa amakhaza, ufuna umlilo uvuthe. Futhi uma...Abantu abafunda iBhayibheli abafuni okuthize, uNkulunkulu owaphila osukwini olwedlulayo, asibe noNkulunkulu wanamhlanje, Ofanayo nje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Sidinga uNkulunkulu oyinkathi yamanje.

46 Kusiza ngani ukushumayela iBhayibheli uma uNkulunkulu eyisimungulu futhi engasiphenduli isithembiso saKhe na? Bekuyosiza ngani ukondla inyoni yakho engumzwilili uvitamini B, uvitamini A ukwenza amaphiko ayo aqine, futhi uyigcine esibiyelweni ngaso sonke isikhathi na? Awuyidedeli iphume. Asiza ngani amavithamini akho na? Asiza ngani onke amakholiji ethu nezikole zesayense yezenkolo, nabashumayeli bethu abakhulu beno D.D., Ph.D., no L. abaphindwe kabili no D.?

Kusiza ngani lokho uma konke kukuNkulunkulu womlando ongaphili futhi enze ngokufanayo namhlanje, ukuthi bafundisa ngalokho ukuthi kwenzeka na?

47 IBhayibheli lithi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Akafile, Uvukile kwabafileyo futhi uphila kuze kube phakade, ukhona njalonjalo, usezindaweni zonke kuze kube phakade. Lowo nguNkulunkulu esifuna ukuzwa ngaye. Lowo nguNkulunkulu yonke eyeqiniso, indodana ekhethiwe ka-Abrahama efuna ukuzwa ngaye futhi ifuna ukwazi ngaye.

48 Ngenkathi ngehlela eNdiya, umbhishobhi webandla leMethodisti nabaningi babo bahlangana nathi, bathi, "Mfowethu Branham, ungezi ngapha njengesithunywa senkolo, sazi kakhulu ngeBhayibheli kunoma nina bakaYankee niyoke nazi." Futhi lelo yiqiniso, LiyiNcwadi yaseMpumalanga, sizama ukuLiqonda ngemfundo yaseNtshonalanga. Wathi, "Kodwa esikuzwayo ukuthi uNkulunkulu univakashele nina boYankee ngesiphiwo esizokwenza uNkulunkulu abe ngokoqobo, futhi enze iBhayibheli laKhe liphile futhi, yilokho esifuna ukukubona." Yilapho amashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane eza kuKristu ngesikhathi esisodwa. Bafuna iqiniso eliphilayo.

49 Uma uNkulunkulu emkhulu kangaka komunye unyaka, kungani Engafani kulobubusuku na? Usiza ngani uma Engumlando, futhi engekho manje na?

50 Nalendlovukazi encane yayinodaba olufanayo: "Sinonkulunkulu ethempelini owayefanele abe khona kusukela ngesinye isikhathi, sinabapristi abafundiswe ukwedlula bonke okhona. Kodwa kukhona. . .Bayakhuluma futhi unkulunkulu wabo akaphenduli. Kodwa ngiyezwa ukuthi kukhona uNkulunkulu," ukukholwa kuvela ngokuzwa, "Ngiyezwa ukuthi kukhona uNkulunkulu Othanda abantu baKhe, futhi Uyazibonakalisa phakathi kwabantu baKhe. Ngingathanda ukuhamba ngiMbone."

51 O, lokho okubusisiwe, ukoma okungcwele enhliziyweni yowesilisa noma yowesifazane ukomela ukulunga! UmBhalo uthi niyakugcwaliswa.

52 Manje bukani ukuthi yayifanele yenzeni. Awu, uma yaya kumpristi wayo yayisithi, "Ungangidedela izinyanga ezimbalwa na? Ngifisa ukwenyukela kwa-Israyeli ukubona ukuthi ngabe loNkulunkulu uyaphila yini abakhuluma ngaye, owathumela isipho encekwini yaKhe eyayibizwa ngoSolomoni. Ngingathanda ukwenyukela lapho futhi ngikubone, ngikubone kubonakaliswa."

53 Awu, kusobala labobapristi babengeke bayidedele ihambe. "Uyazi, ibandla lethu alibambisani kuleyomvuselelo phezulu lapho." Kodwa uma lokho koma okukhulu okungcwele

kusenhliziyweni yowesifazane, uzohamba, noma kanjani. Kunjalo. Akukho okungama endleleni.

54 Ngakho, uNkulunkulu wayekade ekhuluma enhliziyweni yenenekazi elincane, futhi lalazi ukuthi lalizoxoshwa. Kodwa yini elalingaxoshwa kuyo na? Yini elalidingeka lilahlekelwe yiyo na? Lalinesigejane sezivumokholo kuphela. Futhi manje liyahamba ngoba lizwile ukuthi kukhona uNkulunkulu Ophila futhi asebenze phakathi kwabantu baKhe. Ngakho, laqala ukulungiselela.

55 Manje, into yokuqala, lalinenqwaba elalimelene nayo, indawo yokuqala, lingowesifazane; enye indawo yayingukuthi, enye into, ukuthi kwakukhona uhambo olude phakathi kwezwe lakubo nezwe lapho isipho sasikhona. Uma uzobala amamayela, kulinganiselwa ukuthi kwalithatha izinyanga ezintathu ukuba lifike lapho, hhayi kwiCadillac efakwe isishayisamoya, kodwa emhlane wekameli.

56 Akumangalisi uJesu athi, "Izoma ekwaHlulelweni futhi isilahle lesisizukulwane." Ngeke size sinqamule isitaladi ukuzokuzwa, namaCadillac nazo zonke izinhlobo zezinto zokuhamba; futhi ngamunye wethu uzoma ekwaHlulelweni nalowo wesifazane.

57 Wayenezinyanga ezintathu emhlane wekameli, kodwa wayezimisele ukubona ukuthi ngabe kwakuqinisile noma qha. Uma umpristi wakhe emtshela ukuthi babengababambisani kahle lokho—lokho bekuyokuxazulula, kodwa wayezozibonela. Wayezokwenza njengoba sishilo eMlayezweni izolo ebusuku ukuthi uNathanayeli, noma, uFiliphu watshela uNathanayeli, "Woza ubone uma kukhona okuhle okungavela eNazaretha."

58 Ungahlali ekhaya futhi ugxeke, woza uthole. Ningagxeki, hlalani phansi, nithathe imiBhalo futhi nibone ukuthi kuqinisile yini. Yileyondlela kuphela yokwazi iqiniso. "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi." Yilokho uJesu akusho.

59 Ngakho, owesifazane omncane wathi enhliziyweni yakhe, "Ngikhuphukela lapho, futhi ngizozitholela mina uqobo. Futhi uma kunjalo, ngizokwesekela." Wathatha amakameli athwele igolide, namatshe, namakha, nemure, nazo zonke izinhlobo zezipho ezinenani elikhulu. "Futhi uma bekunguNkulunkulu ngempela, kufanelekile ukwesekwa; uma kungesuye uNkulunkulu, akufanelekile ukwesekwa." Owesifazane wayenokuthile. Manje, kwakufanele kube yikho ngempela. Wathi, "Nginezinto ezithile enhliziyweni yami, ngizothola." Ngakho walayisha amakameli akhe futhi walungiselela zonke izinceku zakhe.

60 Manje, nansi enye into eyayibhekene naye: Nalo lonke lelogolide kulawomakameli nawo onke lawomatshe anenani elikhulu, futhi wayenogwadule ukuba ahambe kulo izinsuku

ezingamashumi ayisishiyagalolunye, izinyanga ezintathu, emhlane wekameli. Futhi ogwadule abantwana baka-Ishmayeli wayelapho, okwakungababaphangi. Yeka ukuhleleka obekuyoba yikho kubo! Babengagijima kalula kanjani kulowo wesifazane omncane nodwendwe lwezinqola oluncane lapho lwamasosha ambalwa, abathenwa, abaqaphi bethempeli, futhi bavele bababulale ngokucekela phansi! Kodwa niyazi, kukhona okuthize ngokukholwa: akwazi noma yikuphi ukwesaba. Uma ukukholwa kubiza, awukunaki ukwesaba, noma yikuphi ukungabaza, uvele uqhubeke nje; uNkulunkulu uyakubiza, akukho okungakumisa. Akazange acabange ngokwesaba ngoba wayezobona uNkulunkulu weqiniso nophilayo Owayezibonakalisa Yena uqobo. Futhi wasuka wahamba egibele amakameli.

61 Futhi ngenkathi efika esangweni. . .Manje, akezanga ukuba nje aye ngale futhi. . .Wagxumeka amathende akhe, futhi ngokusa okulandelayo wathatha indawo yakhe ukubuka isiphiwo sikaNkulunkulu sisebenza. Wathi, "Manje isikhathi sesifikile! Ngihambe izindlela ezinde, ngakho ngiyeza manje ukubona ukuthi lesosiphiwo siyasebenza ngempela noma qha."

62 Futhi akazelanga nje ukuhlala amahora athi awabe mabili, akazelanga nje umhlangano owodwa. Akazange afike, wathi, "Manje, ngizongena futhi ngihlale phansi, futhi okokuqala lowomshumayeli esho noma yini ibandla lami elingakufundisi, ngizosukuma futhi ngigqishazele ngiphume!" Lokho kuphakathi kokuthi kukhombisa ukungafundi, noma okungesilo uhlobo olukahle lokukhuliswa, noma umqondo olawulwa ngudeveli. Yileyonto kuphela okuyimemezelayo. Uyafika, akunandaba ukuthi kwakubonakala kwehluke kanjani, wayezobona ukuthi ngabe kwakusebenza yini. Singakhuluma ngezinto eziningi, kodwa ngabe kuyasebenza na? Lokho okulandelayo.

63 Ngakho wavele nje wakhempa phandle esangweni. Ngiyakuthanda lokho, uhlale kuze kuphele, uthole ngakho. Sengiyambona nemiBhalo egoqwayo, eYifunda phansi, ebona izithembiso uNkulunkulu ayezenzile, abone uma lezizinto ziqhathaniswa naWo. Wayelapho-ke.

64 Ucabanga ukuthi kwenzekani ngalokho kusa kokuqala, naleyondlovukazi encane emuva le ebandleni, ngenkathi ibone owesilisa, noma owesifazane, noma omunye enyuka phambi kukaSolomoni, owesilisa nje, futhi yabona lesosiphiwo esikhulu sokubona okufihlakele siqala ukusebenza na? Ifanele ukuthi yathi, "Yileyondlela nje engakuzwa ngayo."

65 Futhi yahlala usuku nosuku, kwaze kwafika ithuba layo. Futhi ngenkathi ima phambi kukaSolomoni, isiphiwo sikaNkulunkulu sasebenza kuyo, ngokuba yathi uSolomoni wayazisa yonke imibuzo enhliziyweni yayo, futhi yakholwa.

Futhi yama phakathi kwabantu emphakathini futhi obala yayisithi, “Konke engakuzwa ngawe kuyiqiniso; futhi ngaphezu kwalokho engikuzwile kuliqiniso.”

66 UJesu wathi iyovuka ekwaHlulelweni nalesisizukulwane futhi isilahle, ngoba yavela emikhawulweni yomhlaba ukuzobona isiphiwo esinjalo. Kuthiwani manje lapho sinesehlakalo sayo na? Sinezinkulungwane zeminyaka kamuva nazo zonke izinhlobo zezehlakalo zikaNkulunkulu ophilayo. UNkulunkulu usaphila, Unguye impela nje namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi.

67 Ngenkathi Ezazisa Yena uqobo kuFiliphu ngenkathi uPetru engena emhlanganweni, futhi Wamtshela, “Igama lakho unguSimoni,” noma uKhefase, “negama likayihlo nguJonase,” futhi ngenkathi behamba futhi bathola indoda futhi bayiletha kuJesu, Wathi, “UngumIsrayeli, okungekho nkohliso kuye.”

Wathi, “Rabi, Ungaze nini na?”

Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi Ngakubona.”

Wathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli.”

68 Bathini labo ababemi eduze, amaJuda na? “Lowo nguBelzabule, ungumbhuli.”

69 Ngenkathi Engena eSamariya, nowesifazane uyaphuma ukuyophuza emthonjeni, noma akhe amanzi akhe, ngenkathi uJesu ethi kuye, “Sifazane, Ngiphuzise.”

Wathi, “Akusilo isiko kini maJuda ukukhuluma nathi maSamariya; ngingowesifazane waseSamariya.”

Futhi Wathi, “Ukuba bewazi ukuthi Ubani obekhuluma kuwe, ubuyocela kiMi amanzi.” Wakhuluma nowesifazane waze Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona, wayesethi, “Hamba, ulande indoda yakho.”

Wathi, “Anginayo.”

Wathi, “Ubunayisihlanu, nale onayo manje ayisiyo indoda yakho. Usho kahle.”

70 Akashongo ukuthi Wayengudeveli noma uBelzabule. Ngicaphuna lokhu futhi: Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu, kunamaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye abashumayeli eMelika aziyo kulobubusuku. Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi.” Ngokomoya, ukujwayele, ufundiswe khona. “Siyazi, thina maSamariya siyazi lapho uMesiya efika, Uyositshela zonke lezizinto. Kodwa UnguBani na?”

Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

71 Wagijimela emzini, emzini wakubo iSamariya, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile.

Akuyena yini Lona kanye uKristu na?" Lokho akwenziwanga kwabeZizwe ngalezozinsuku, kumanje; yileyondlela Azimemezela ngayo Yena uqobo ngaleyonkathi: manje.

72 Futhi uma indlovukazi yaseSheba ibiyoma kulesosizukulwane futhi isilahle (O, ngizweni bantu!), uma indlovukazi yaseNingizimu, uJesu wathi, iyoma futhi isilahle lesosizukulwane, futhi sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokufundisa ngalokho, futhi lapha Wenza into efanayo kulobubusuku, izokwenzani ngalesisizukulwane lapho ifakaza na? Cabanga ngakho. Thina esisho ukuthi silungile futhi siya esontweni! Yini *isono* na? Ukungakholwa. Akunandaba ukuthi ukholwa kangakanani, ulunge kakhulu nje ubungeke wenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, abakaMohamede bayafana, abakaBhuda bayafana.

73 Inkolo ingenye into, insindiso ingenye; inkolo iyisembozo, insindiso iyisipho sikaNkulunkulu. Iyoma futhi isilahle lesisizukulwane. Ngani na? Yama ngenkathi ibone lesosiphiwo sikaNkulunkulu sisebenza ngomuntu, yathi, "Lelo yiqiniso." Futhi yemukela uJehova njengoNkulunkulu wayo.

74 Khona-ke umthenwa wehlisela uMlayezo emva kwePhentekoste kubantu, wokuzalwa, ukufa, ukuvuka, kukaJesu, ukufika kukaMoya oNgcwele. O, uzokwenzenjani uma uNkulunkulu enza ukuma kwaKhe, futhi uma wenza ukuma kwakho na?

75 Lapha eminyakeni ethile edlule eMelika emaphakathi kwakukhona umshumayeli ogama linguDaniel Greenfield, omkhulu, umfundisi onamandla; abaningi benu befundisi basesontweni uyifundile incwadi yakhe. Futhi ngobunye ubusuku waba nephupho, futhi ngalobubusuku obuthile ukuthi waba nephupho, wacabanga ukuthi wahamba . . . wafa futhi wenyukela eZulwini. Futhi lapho efika esangweni, umgcinisango uyaphuma wayesethi, "Ubani osondela kuleNdawo na?"

Futhi wathi, "NginguDaniel Greenfield, umvangeli waseMelika."

Wathi, "Umzuzwana nje, Mnu. Greenfield, ngizobona ukuthi ngingakuvumela yini ungene; uma igama lakho liseNcwadini yami, kulungile.

Wabheka iNcwadi, wabuya wayesethi, "Mnumzane, ngiyaxolisa, kodwa igama lakho alikho eNcwadini, ufanele uhambe."

"O," wathi, "impela unephutha! Ngashumayela iVangeli, ngaphila impilo enhle." Wathi, "Impela igama lami liseNcwadini!"

"Ngiyaxolisa," washo, "alikho lapha."

Wathi, "Ngizakwenzenjani-ke na?"

Wathi, "Ungaledlulisa icala lakho esiHlalweni sobukhosi esiKhulu esiMhlophe sokwaHlulela."

"Awu," wathi, "Anginakuzikhethela, khona-ke ngifanele ngikwenze."

76 Futhi wathi, kwakubonakala sengathi uqala ukuhamba emoyeni ngejubane elesabekayo, futhi wangena eBukhoneni bokuKhanya, futhi lapho ukuKhanya kwakuya ngokukhanya, waya ngokunensa, ekhuphuka kancane, emva kwesikhashana, ufika ekumeni nse. UkuKhanya kwakungaveli kunoma iyiphi indawo ethize, kodwa Kwakumzungezile nje nxazonke. "O," wathi, "umuzwa onje pho ukuma kuloboBukhona!"

77 Futhi kwabakhona iPhimbo elavela ekuKhanyeni lase lithi, "Ubani osondela esihlalweni saMi sobukhosi na?" njengokuduma okukhulu kuphuma.

Futhi wathi, "O Nkulunkulu Jehova, ngingumvangeli uDan Greenfield, ngijikisiwe emasangweni aseZulwini, futhi ngacelwa ukuba ngidlulise icala lami ebulungisweni baKho."

"Kuhle kakhulu," Wathi, "Ngizokuvivinya ngomthetho waMi." Wathi, "Daniel Greenfield, wake waqamba amanga na?"

78 Wathi, "Kulesosikhathi ngangicabanga ukuthi ngangikade okungenani ngiyindoda eqotho, eneqiniso, kodwa," wathi, "o, khona-ke kuloboBukhona, ngibonile ukuthi ngangikhulume into encane eningi eyayithi ukuba yigwegwe, yayinencazelo ekabili." Wathi, "Yebo, Nkosi, ngiwaqambile amanga."

Wathi, "Daniel Greenfield, wake weba na?"

79 Wathi, "Uma noma yini ebengicabanga ukuthi bengiyoba yiyo, bekuyoba qotho. Kodwa eBukhoneni balokho kuKhanya, ngakhumbula okuningi okuncane ukusebenzisana engikwenzile okwakusolisa."

80 Mfowethu, dadewethu, e, ebandleni lakho, ngakomakhelwane bakho, ebukhoneni bomelusi wakho, ungabonakala ukahle impela, kodwa linda uze ube seBukhoneni balokho kuKhanya, lokho kuKhanya okuphelele.

81 Wayesethi-ke wezwa iPhimbo lifika futhi lase lithi, "Daniel Greenfield, ubulungiswa baMi budinga ukuphelela. Ngabe wawuphelele empilweni yakho na?"

82 Wathi, "Qhabo, Nkosi, ngangingaphelele." Futhi wathi, "Ngangilungele nje ukuzwa lokho kuqhuma okukhulu kuza." Wathi, "Kwakubonakala sengathi amathambo ami ayesehlukene futhi ngangiqhaqhazela sengathi angikwazi ukuyeka."

83 Wathi, "Ngase ngizwa iPhimbo, laliyiPhimbo elimnandi kunawo onke engake ngalizwa." Wathi, "Akekho umama owayengakhuluma kanjalo." Futhi wathi, "Ngaphenduka ukuba ngibuke, futhi ngabona ubuso obumnandi ukwedlula bonke engake ngabubona." Futhi wathi, "Wenyuka futhi

Wangigaxa, futhi Wathi, 'Baba, yiqiniso lelo, uDaniel Greenfield wayengaphelele empilweni yakhe, kodwa yinye into ayenza empilweni yakhe: waNgimela phansi emhlabeni. Ngakho lapha eZulwini Ngizommela.'"

84 Ngiyamangala kulobubusuku, mngane, ngenkathi siseyiqembu labantu, mhlawumbe sibhekene okokugcina njengabantu abasazofa, uma ubungafa kulobubusuku, ubani obeyokumela na? Ibandla lakho, umelusi wakho, umama wakho, ubaba wakho na? Ake ngikwethule koYedwa, uma nizoMmela kulobubusuku, Uzonimela ngaleyonkathi.

85 Kucabangeni, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

86 Futhi ngaphambi nje kokuba sibe nalomkhuleko, ngifuna nithembeke ngempela, abasha nabadala. Nobungcwele balomzuzu, awukaze uhlangane naYe ubuso nobuso futhi wakhuluma kuYe ngezono zakho, futhi wazi ukuthi Ukuthethelele izono zakho na? Ungahle ukuba ujoyine ibandla, lokho kulungile, ungahle ukuba ubhaphathizwe ngokwesivumokholo sakho noma yini okunye, noma ungahle ulazi lonke ikhathekizima lakho, futhi ungahle ube yisifundiswa esihle kakhulu somBhalo, kodwa uyaMazi na?

87 Uma ungenjalo, uzothembeka ngempela manje kuNkulunkulu na? Futhi uma ungakakwenzi, noNkulunkulu ukhuluma kuwe manje, uNkulunkulu uMoya oNgcwele okhona, uma Ekhuluma kuwe manje nje, ethi, "Mntwana, uyazi ukuthi unephutha, uma unokuhlaselwa yinhliziyo kulobubusuku futhi ufe, uyazi ukuthi ubungeke ume eBukhoneni baMi, yemukela iNdodana yaMi manje," nangokuphakamisa isandla sakho, uthi nje, "Nkulunkulu, ngikhumbule, ngifuna umusa waKho manje, nangesandla sami ngiqonde ukuthi ngizoKumela uma Uzongisiza manje," ningaziphakamisa izandla zenu, kuso sonke isakhiwo na? UNkulunkulu akubusise, wena, wena. Ovulande abasesitezi ngakwesokunxele sami, phezulu lapha, phakamisa isandla sakho. "Nkulunkulu, yiba nomusa." Ovulande abasesitezi ngemuva, ungasiphakamisa isandla sakho, omunye, futhi uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa"? Uvulandi kwesokudla?

88 Manje, ungabi namahloni, "Uma u. . ." UNkulunkulu anibusise, bodade. "Uma ninamahloni ngaMi phambi kwabantu, Ngizoba namahloni ngani phambi kukaBaba waMi nezingelosi ezingcwele." Cabanga ngakho. Akunandaba ukuthi kuhle kangakanani, ukuthi wenze kangakanani, lokho ngeke kusho neyodwa into eBukhoneni bukaNkulunkulu, kuphakathi kokuthi umele uKristu noma awumele uKristu.

89 Izandla ezingamashumi amabili noma amashumi amathathu beziphakamile. Bangabakhona nje abanye futhi, okomzuzwana nje na? Sisakhothamise amakhanda ethu, ngizocela umshayi we-

ogani uma ezosinika nje indlela encane kwi-ogani. AmaKristu awakhuleke. UNkulunkulu akubusise lapha, dadewethu. Makungabikho-muntu obukayo, gcinani nje amakhanda enu ekhotheme. Manje, mngane, eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukwazi lokhu, ukuthi ngelinye ilanga ngizodingeka ngime eduze kwaKhe ngqo futhi ngiziphendulele ngomlayezo kulobubusuku, nawe uzokwenza, futhi, ngiyaninikela, kulobubusuku, ngomusa kaNkulunkulu, uJesu Kristu, Osusa zonke izono zezwe, ubungaMmela kulobubusuku, ukuthi Uzokumela ngalolosuku na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane, laphaya, lokho kuhle.

90 Omunye futhi ongaphakamisa isandla sakho bese uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi"? Manje sekukuwe. UNkulunkulu akubusise, mnumzane, lokho ngukuma okuhle. UNkulunkulu akubusise phezulu lapha, dadewethu, ntombi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane, emuva lapho. UNkulunkulu uyazibona izandla zenu. "Yiba nomusa kimi, O Nkulunkulu. Ngikudinga ngempela."

91 Ngifuna ukusho okuthize, namakhanda enu ekhotheme, wonke umuntu ekhuleka: Akekho owaziyo, omncane noma omdala, ukuthi uhamba nini, kodwa kwamiselwa kumuntu ukuba afe kanye, bese-ke kuba ngukwaHlulelwa. Bekungeke yini kudabukise uma ukhuphukele lapho futhi wathola ukuthi ubunephutha na?

92 UNkulunkulu akubusise lapha, nenekazi. Uzozibona izandla zenu. Ngilinde umzuzu nje. Ungabi ngonesikofu, thamba enhliziyweni. Niyazi izwe li . . . Ibandla *elibizwa kanjalo* lidonse inhliziyo yalo ngezinhlelo zethelevishini ezindala, nomsakazo, nohlelo olungahlungiwe, futhi bafunde amaphephabhuku amadala e*True Story*, inhliziyo yabo ize nje ibe nesikofu futhi ibemnyama, akusekho kuthamba, azisekho izinyembezi, abesifazane abasakwazi ukukhophozela, akusekho-mahloni phambi kwamadoda. Akusona yini isikhathi esidabukisayo na? Kodwa lokhu kuzofanele kufike ngaphambi nje kokuba i-siputniki *esithize-thize* senze umsebenzi waso; UNkulunkulu wathi kuyokwenzeka. O, uma ukulesosimo kulobubusuku, mngane oyisoni, cindezela indlela yakho ngaleya kwalokho futhi wemukele uJesu.

93 Esikhathini esithile esedlule, ngangikhuluma nentombazane, ngezwa ngiholeleka ukuba ngisho okuthize kuyo, ngase ngithi, "Dadewethu," emva kokuphela kwenkonzo, ngathi, "ungeza kuKristu na?"

94 Yathi, "Ngingowebandla, futhi uma bengifuna umuntu ozokhuluma nami, bengizothola umelusi onomqondo othize." Yathi, "Ungazami uke ungiphoxe!"

95 Ngathi, "Kuhle kakhulu, ngiyaxolisa. Akekho owazi lokhu ngaphandle kwakho nami. Bengingaqondile ukukuphoxa, ngibuze wena kuphela ngoba ngithe ngizizwe ngiholeleka,"

ngimi eceleni kwesihlahla esidadlana sembali ngasesontweni lamaBaptisti ezansi eNashville, eTennessee, angibukhohlwa neze ubusuku, umoya uvunguza, inyanga ikhanya. Futhi yaphakamisa izindebe zayo ezincane ezipendiwe nekhala layo elincane futhi yagigitheka yahamba, yahlangana nesigejane sabafana.

96 Cishe ngemva konyaka, ngedlula edolobheni elifanayo, ngangisezansi lapho nginomkhankaso, futhi lapho ngihamba ngehla ngesitaladi, ngabona intombi ihamba yehla ngesitaladi iziketi zayo zizimbi kabi, ngayibuka ngase ngicabanga, "Impela, akusiyo leyo!" Futhi ngaphenduka ngase ngiqala ukuyilandela.

97 Yangibuka lapho bedlula, ngayifica, yathi, "Halo, Mshumayeli."

Ngathi, "Unjani? Awusuye u . . .?"

Yayisithi, "Nginguye." Yama yase ifaka isandla ephaketheni layo, yakhipha usikilidi, yathi, "Yiba nawo."

Ngathi, "Ngiyakudabukela!"

Yathi, "Awu, mhlawumbe ungaphuza kancane ebhodleleni lami na?"

Ngathi, "Uyihlo uyakwazi lokhu na?" Idikoni ebandleni.

Futhi yathi, "Kukhona engifuna ukukutshela khona, Mshumayeli. Uyakhumbula ngalobobusuku owakhuluma kimi ngakuleso sihlahla na?"

Ngathi, "Angisoze ngakukhohlwa."

98 Yathi, "Lolo kwakulubizo lwami lokugcina." Futhi nakhu ukuphawula lokho lowo omuhle, owesifazane osemusha akwenza, wayengene kulento yomculo wokuzibinya wesimodeni, futhi yathi, "Mshumayeli, inhliziyo yami inzima kakhulu, ngize ngibone umphefumulo kamama wami uthoseka esihogweni njengepanikuku futhi ngiwuhleke." Usuvele weqe umugqa phakathi komusa nokwahlulela.

99 O, ungakwenzi, mngane! Bantu abasha, ningememukele uKristu kulobubusuku sisalindile nje umzuzwana kade na? Phakamisani izandla zenu, nizokwenza na? Uthi, "Yiba . . ." UNkulunkulu akubusise, lokho kuhle, lokho kuhle. Abanye abaningi baphakamise izandla zabo. Kuhle.

Asikhuleke-ke.

100 Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe, wazi ukuthi lokhu nje akusikho ukuma kulomhlangano kulobubusuku, iZwi likaNkulunkulu selishunyayeliwe noMoya oNgcwele ukhona, futhi kulotshiwe, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Izandla eziningi ziphakamile, lokho kukhombisa ukuthi benze isinqumo. Isayense ithi izandla zabo zifanele zilengele phansi, kodwa kukhona umoya kubo oshaye indiva imithetho yesayense, futhi baphakamise

izandla zabo esinqumweni kuMenzi wabo. Bayizipho zothando zikaNkulunkulu, futhi bayizipho zothando kuKristu uNkulunkulu azinika uKristu; akukho-muntu ongabahlwitha esandleni saKhe. Wena baphe ukuPhila okuPhakade, futhi uyakubavusa ngosuku lokugcina.

101 Siphe, Nkosi, ukuba imiphefumulo yabo ibe mnandi futhi ibe noju ngoBukhona bukaMoya oNgcwele, baze bakhululwe ngukufa, futhi bangene eBukhoneni bukaNkulunkulu, bembozwe ngeGazi laKhe, bagezwa futhi benziwa babasha futhi. Nkosi Nkulunkulu, makuthi uMoya oNgcwele wenze lokho njengamanje futhi ubethule eNkosini uJesu njengabangcwelisiwe, abantu ababhaphathiziwe eMzimbeni kaKristu. Siyakucela, eGameni laKhe, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

102 Asicule ivesi elilodwa nje lalelo, "Msindisi, Msindisi, yizwa ukukhala kwami okuthobekile." Bangaki ozizwa ekahle ngempela na? Phakamisani izandla zenu nje. Niyezwa ukuthi uNkulunkulu ulapha na? Anibuthandi nje uBukhona bukaMoya oNgcwele na? Manje, ngokusile ngempela, ngenhlonipho yokuzithoba, nangokomoya, asiphakamise izandla zethu nje futhi sicule iculo elidala likaFanny Crosby eliyigugu:

Msindisi, Msindisi,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
Ungangedluli.

Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami,
Ngaphezu kokuphila kimi,
Ngubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
Noma ngubani eZulwini ngaphandle kwaKho.

Asilicule manje:

Msindisi, Msindisi,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Laphu u . . . (Ukuza ngaphambili.)
Mawungangedluli.

103 O, aniMthandi nje na? Lesi yisikhathi, umlayezo usuphelile, manje sekuyisikhathi sokukhonza. Asicule lelihubo elidala elikhazimulayo lebandla:

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi waPhezulu!
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa lonke icala lami,
Futhi makuthi mina kusukela kulolusuku
Ngibe ngowaKho wonke!

Bangaki olaziyo na? Asilicule ngoMoya manje, wokukhonza, nisakhonza iNkosi nje manje. Kulungile.

Msindisi, Msindisi,

Yizwa ukukhala kwami okuthobekile,
Lapho Ubabiza abanye,
Mawungangedluli.

104 Kuyilokho okwaphuma kanjalo, angazi noma ukhona yini olibalayo esakhiweni abebefanele baphakamise izandla zabo nje emizuzwaneni embalwa edlule, ukuthi manje ufuna ngempela uNkulunkulu ukuba akwenzele okuthile. Phakamisa isandla sakho. Uzokwenza na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akenzi maphutha, niyazi. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kwangathi Angakupha lokho. Niyabo, uNkulunkulu akenzi maphutha. Uphelele kukho konke ukwenza kwaKhe uma nje sizolandela ukuhola kukaMoya.

105 Manje *UKholo lwaMi Lubheka Phezulu KuWe*. Kulungile, mfowethu, uma uthanda. Wonke umuntu ndawonye manje. Kulungile.

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
O Msindisi waPhezulu;
Manje . . .

Asiphakamise izandla zethu manje.

. . . ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho wonke!

106 O, kukhona okuthize ngokukhonza eMoyeni, ububele nobumnene beJuba, uMoya oNgcwele, kuletha ukuthula! O, nje ngi . . . Ake sicule elinye ivesi lalelo.

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama
kwempilo,

Bhekani kuYe nje manje.

Nosizi lwanda macala onke kimi,
O, yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama buphenduke imini,
Sula izinyembezi zosizi,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

107 Nkosi Nkulunkulu, njengoba umculo uphuma kamnandi, nabantu behamisha leliculo elidala elinomusa obaba bethu abalicula eminyakeni edlule, osewenyukele eNkazimulweni naseBukhoneni baKho. Izingelosi mazithathe isikhundla sazo, izindawo zazo kulobubusuku, kulemigqa yabantu futhi usisize manje ukuba siqonde ukubakhona kwaKho ezindaweni zonke,

uBukhona bukaMoya oNgcwele, futhi siphe, Nkosi, isifiso sethu enhliziyweni yethu.

108 Futhi kwangathi, lapho sesilungela ukusuka esakhiweni kulobubusuku, kwangathi singakwazi ukusho njengalabo ababevela e-Emawuse, emva kokuvuka kokuqala, bahamba endleleni, bekhuluma ngomBhalo noJesu wabonakala, futhi babengazi ukuthi WayenguBani, kodwa Wahamba nabo futhi wabaduduza ngomBhalo usuku lonke.

109 Futhi lapho sekufika isikhathi sasebusuku, bangena ngaphakathi endlini futhi baMcela ukuba angene. Yilokho esikwenzile, Nkosi. Futhi ngenkathi Usuvale umnyango, futhi—futhi wahlala phansi nabo, Wenza into ethize njengoba nje Wenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho. Baqonda ngalesosimangaliso Owasenzayo, ukuthi kwakunguWe, futhi Wanyamalala emehlweni abo, kodwa ngokushesha bagijima base bethi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

110 Baya kwabakubo futhi bamemezela ukuthi babembonile yena lowoJesu owayekade ebethelwe owayesevukile futhi, futhi wayenza izinto ezifanayo Azenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Nkosi, senzele okufanayo kulobubusuku. Siphe khona. Siphe umBhalo manje, futhi usebenze, Moya oNgcwele, ngalomBhalo. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

111 Manje, uma nithanda imizuzu embalwa, thulani ngempela. Bangaki oseBukhoneni bobuNkulunkulu ongakaze abe komunye wemihlangano yami ngaphambili na? Ake sibone izandla zenu. He! Amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye esixuku.

112 Ngiyethemba, Dkt. Vayle, kulobubusuku . . . Angisuye umshumayeli, niyakwazi lokho, kodwa ngi . . . UNkulunkulu unginike enye indlela yokusebenza neBandla laKhe, futhi lokho kungesiphiwo sikaMoya oNgcwele. Futhi ngizoninika umBhalo, okungukuthi mhlawumbe unitshelile ngeminingi, bangaki okwaziyo lokho, lokhu: UJesu washo qobo lwaKhe, ukuthi Wayengenze lutho ngokwaKhe, kodwa lokho Abona uBaba ekwenza na? UJohane oNgcwele 5:19. Khona-ke uJesu akazange enze nesisodwa isimangaliso, waze Wabona uBaba ekwenza ngombono kuqala, ngokweZwi laKhe. Kunjalo.

113 Ngenkathi uFiliphu efika kuYe, wahamba walanda uNathanayeli wayesembuyisa wayesetshela uNathanayeli ukuthi ubani ababemfumene, noNathanayeli akakukholwanga. Kodwa ngenkathi engena eBukhoneni bukaMesiya, uJesu wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Wayengaba ngumArabu, wayengaba ngumGreki, wayengaba yinoma yini enye, bonke babegqoka ngokufanayo, kodwa uJesu wayazi ukuthi wayeyiJuda futhi wayeyindoda eqotho nelungile.

Nendoda yathi kuYe, "Ungaze nini, Rabi na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Lokho kuqhele ngamamayela ayishumi nanhlanu, ngayizolo.

Futhi ngenkathi Enza lokhu, wathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli."

114 Watshela abehlukene. Bangaki owaziyo ukuthi yileyondlela Azimemezela ngayo Yena uqobo ezinsukwini ezedlulayo na? Bangaki owaziyo ukuthi Wethembisa ukuthi imisebenzi Ayenzayo, iBandla laKhe liyoyenza, futhi na? "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngi," leso yisabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Futhi njengoba uBaba eNgithumile, kanjalo Ngiyanithuma."

115 UBaba owaMthuma, wahamba naYe futhi wayekuYe, uJesu othuma iBandla, uhamba naLo futhi ukuLo. Bangaki owaziyo ukuthi lowoJesu owayelapha emhlabeni wayeyiNgelosi yeNkosi eyayiseNsikeni yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli bedabula ehlane na? Zonke izitshudeni zeBhayibheli ziyakwazi lokho.

116 Wathi. . .Bathi, "Ungumuntu ongakabi neminyaka engamashumi amahlanu ubudala, nokho, futhi uthe ubone u-Abrahama na? Siyazi manje ukuthi ungudeveli."

117 Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Naleyo kwakuyiNsika yoMlilo eyayisesihlahleni eyakhuluma noMose. Ngenkathi Elapha, uNkulunkulu kuKristu wahlanganiswa koyedwa, umzimba obizwa ngoJesu. Kwase kuthi-ke ngenkathi Esebenza emhlabeni futhi wenza izinto Azenzayo, Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Ngabe kunjalo na? Manje-ke, noma ngabe Wayeyini ngaphambi kokuba Abe yinyama, Wabuyela kukho. Lokho kuhambisana neZwi laKhe.

118 Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, nokwenyuka, uPawulu, uSawulu, njalo, wayesendleleni yakhe ebheke eDamaseku ukuyobopha abanye abantu ababebanga umsindo omkhulu futhi beqhubeka. Ngakho ngaphambi nje kokuba afike eDamaseku, kwabakhona ukuKhanya okukhulu okwakhanya ebusweni bakhe futhi kwamphuphuthekisa, nePhimbo lamemeza lathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Nkosi, UnguBani na?"

Wathi, "NginguJesu." Ngabe yiqiniso lelo na? Khona-ke Wayesebuyele emuva eNsikeni yoMlilo futhi, ngabe kunjalo na? Uvela kuNkulunkulu, waya kuNkulunkulu.

119 Manje, uma sibona lokho kulesisithombe njengoba ngisho. . .Ngizifihle, akusimina, NguYe. Banitshela ngakho, kulapha eWashington, DC, njengesidalwa esingaphezu

kwemvelo kuphela esake sathwetshulwa kuwo wonke umlando womhlaba.

120 Manje, uJesu wathi, “Mina ngingumVini, nina ningamagatsha.” Manje, umvini awutheli isithelo, igatsha lithela isithelo, futhi igatsha ngokuqinisekile lizothela isithelo somvini. Ngabe yiqiniso lelo na? Kufakelwe, kumbe noma kungaba yini, kuzofanele kuthele ukuphila komvini, ngoba uphila emvinini. UJesu wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina niyakuyenza, nani.” Awu khona-ke, “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo futhi niyakuphiwa.”

121 Manje-ke qaphelani, ngabe isihlahla samapentshisi singathela amapentshisi na? Umvini wamagilebhisi uyothela amagilebhisi, ikhabe liyothela ikhabe, uMoya kaKristu uzothela ukuPhila kukaKristu. Ngabe umBhalo uthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Uma Azimemezela Yena uqobo ngaleyondlela, njengoba sisanda kusho, phambi kwamaJuda namaSamariya, futhi akwenqabele ukuba kwenziwe kwabeZizwe . . . Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesayense yezenkolo yebandla labeZizwe, niyabona ukuthi sikuphi. Kodwa Akabophezelekile yini ukuzimemezela Yena uqobo okufanayo kwabeZizwe njengoba Enza kubo na?

122 Njengoba ngishilo izolo ebusuku, uNkulunkulu akatholi noma yibuphi ubuhlakani, isinqumo saKhe sokuqala siphelele futhi singunaphakade. Lapho i—isehlakalo sivuka noNkulunkulu ethatha isinyathelo futhi lesosehlakalo esifanayo siyovuka futhi, uNkulunkulu uzofanele enze ngendlela efanayo njengoba Enza okokuqala, kungenjalo Wenza ngokungesikho okokuqala; Angeke ehluke, Uzofanele afane.

123 Ngakho, ake ngininike omunye umBhalo manje, into ethize ifika enhliziyweni yami. Izolo kusihlwa sibize amakhadi omkhuleko enhla lapha, abantu abebenamakhadi anezinombolo kuwo, futhi benyukela emsamo, neNkosi uNkulunkulu ibilapha ukwazisa nokuphulukisa abantu, njengoba nje Yenza ekuqaleni. Wonke lowo obelapha ukubona lokho, phakamisani izandla zenu owaziyo ukuthi lokho kuqinisile. Ngizoninika omunye umBhalo kulobubusuku, futhi sizo . . . okwehlukile, iNkosi ithanda.

124 Manje, kwakukhona omncane, owesifazane obuthakathaka eBhayibhelini, owacabanga futhi wakholwa, nokho ngaphandle kokuMbona, ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu . . . Ngakho, niyabo, ngukusondela kwakho kuNkulunkulu okuletha imiphumela. Njengoba ngishilo, kukhona umRoma owabeka i—i—indwangu ekhanda laKhe futhi waMshaya ekhanda ngenduku, wayesethi, “Wena profetha, noma usitshele ukuthi ubani okushayile, sizokukholwa.” Akazange ezwe noma yimaphi amandla.

125 Kodwa kwakukhona owesifazane omncane owacindezela esixukwini futhi wathinta ingubo yaKhe, ngokuba wathi,

"Uma nje ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda," owesifazane omncane owayekade enomopho iminyaka eminingi, akukho okwakungamsiza. Futhi ngenkathi eMthinta, wasuka wangena ezethamelini. Mhlawumbe wahlala phansi noma wasukuma, angazi, kodwa, empeleni, wayephandle ezethamelini zabantu.

UJesu wama wayesethi, "Ubani oNgithintile na?" Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? "Ubani oNgithintile na?"

NoPetru waMkhuza, wathi, "Ngani, wonke umuntu uyaKuthinta!" (Ngamany'amazwi, beMmbambatha, futhi, "Unjani na? Ngiyajabula ukuKubona, Rabi. Ngabe Uzele imvuselelo na?") UPetru wathi, "Wonke umuntu uyaKuthinta. Kungani Usho izinto ezinjalo na?"

126 UJesu wathi, "Kodwa Ngibe buthakathaka, kuphumile amandla kiMi." Futhi Waqalaza waze Wathola owesifazane omncane, futhi Wathi kuye, inkathazo yakhe, ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na?

127 Bangaki owaziyo ukuthi uJesu Kristu kulobubusuku, ngokweTestamente eLisha, iNcwadi yamaHeberu, ukuthi manje UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Awu, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi uma u. . . uma EngumPristi oMkhulu ongathintwa, Ubengeke yini adingeke ukuba enze ngokufanayo Akwenze izolo na? Bangaki abebeyokukholwa lokho na? Nguyena izolo.

128 Manje, obuyodingeka ukwenze bekungaba ukuMthinta ngokukholwa kwakho njengoba kwenza owesifazane, hhayi ngezandla zakho; kwakungesizo izandla zakhe—zakhe Azizwayo, kwakungukukholwa kwakhe Akuzwayo, futhi Waphenduka. Futhi uma Esenguye kulobubusuku, phakathi lapha iNsika yoMlilo efanayo, uma *lena* kunguYe, isithombe saKhe, futhi uma kunjalo, Iyofakaza ngaYe; uma kungenjalo, ngeke, ngokuba uNkulunkulu ufakaza ngeziphiwo zaKhe uQobo, amaHeberu 11:1 asho njalo.

129 Manje, futhi uma EngumPristi oMkhulu, futhi asibizi-muntu phezulu lapha emsamo, wena nje phandle lapho ezethamelini nakuvulandi osesitezi, noma ngabe nikuphi, uma uzokholwa uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yakho, ungangabazi nakancu enhliziyweni yakho, kodwa nje Mthinte, Uzokwenza, kulobubusuku, ngokufanayo nje njengoba Enza ngaleyonkathi, noma Akasuye onguye izolo, namuhla, naphakade.

130 Niyabo, bangane, kude kakhulu ukuthi nje isayense yezenkolo, nokwakha amasonto, futhi sinamahlelo futhi sibhaphathiza abantu phambili, emuva, phezulu, phansi, kathathu, noma yini njalonjalo, lokho akusho lutho. Isiza ngani isayense yethu yezenkolo uma ingavezi uKristu na? Uyaphila. Futhi uma Ezokwenza into enjalo kulobubusuku, bangaki abazoMthanda, futhi baMkholwe, futhi baMemukele

na? Phakamiselani izandla zenu kuYe, Wazi wonke umuntu, angiziboni zonke izandla zenu, kusobala.

(Ufunani na?)

131 INkosi inibusise. Manje, ngicabanga ukuthi wonke umuntu ophambi kwami asazani uku. . .Bangaki owaziyo ukuthi angikwazi na? Phakamisa isandla sakho ukuthi angikwazi. Kuphela engibaziyo ngu. . .Ngi. . .Lomfowethu omi lapha, angikwazi ukubiza. . .UWhitecloud, noma uMacLeod, noma okuthile okufana nalokho igama lakhe. SinoWhitecloud eJeffersonville, ngiqagele loyo bekungesiye. UMacLeod. UDkt. Vayle, uMfowethu Sweet, yilowo kuphela engimaziyo; kodwa iNkosi uNkulunkulu inazi nonke.

132 Futhi manje, umlayezo wami ubuyosiza ngani, kulobubusuku, ukukutshela ngowesifazane owafika ukuzobona isiphiwo uNkulunkulu ayesifake kowesilisa, uSolomoni, esizosilahla ngecala lesosizukulwane ngoba uJesu wayelapho, futhi uzisho ukuthi uyafana emBhalweni waKhe, uma Engafiki futhi enze into efanayo kulobubusuku, ubengaba kanjani. . .ukulahla na? Kodwa uma Ekwenza, futhi khona-ke ungaMkholwa, khona-ke uzolahlwa, ngokuba yingakho Asilahla lesosizukulwane ngokwenza yona impela into efanayo engikhuluma ngayo ngaYe manje.

133 Manje, ngifuna nonke nikhuleke, futhi nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu, ngawo wonke umphefumulo wakho, onke amandla akho ukuthi uNkulunkulu ukhona. Futhi manje ningayaluzi manje, ngiyacela, hloniphani ngokuzithoba ngempela nje. Lokhu kuzoba kude ngaleya kuniletha emsamo. Bangaki lapha ongenawo amakhadi omkhuleko, ake sibone, futhi uyagula na? Ngifuna ukubona nje. . .Ngeke kwabakhona indlela yokusho. Ngeke ngasho nge noma ngaphandle kwamakhadi omkhuleko. Wena nje—wena nje kholwa, futhi uNkulunkulu, impela, uzowuphendula umkhuleko.

134 UJesu wathi, "Uma ukholwa!" Nje wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba futhi athinte nje, uthi, "Nkosi Nkulunkulu," yisho lokhu emkhulekweni wakho, "Nkosi Nkulunkulu, makuthi mina, O Nkosi, ngiyadinga. . .NgiyaKuthanda, ngiyakholwa ukuthi okushiwo yindoda kuyiqiniso, ngoba kuvela eBhayibhelini."

135 Futhi eTestamenteni eLidala ngenkathi libaneka kwi-Urimi neThumimi, kwakuyiqiniso. I-Urimi neThumimi yangalolosuku, isivikelo sesifuba sika-Aroni, isihambile, kodwa uNkulunkulu unenye i-Urimi neThumimi: iZwi laKhe. Futhi uma kubaneka kusuka eZwini laKhe kuze kuwe, khona-ke kuyiqiniso.

136 "Uma ukholwa!" Hloniphani ngokuzithoba nje, nifinyelela phezulu ngokukholwa futhi nithi, "Nkosi Nkulunkulu, mPristi oMkhulu, ngiyagula futhi ngiyadinga, ngithinte nje, Nkosi, futhi

angeke ngisangabaza, kuzosusa konke ukwesaba kimi futhi kuzongisiza."

137 Niyabo, lu—lugcobo, ngilindile futhi nilindile, kukhona okumele kwenzeke, noma iZwi linephutha noma nginephutha. IBhayibheli lasho njalo, ngakho kuyokwenza iZwi libe yiphutha, futhi, Wakwethembisa.

138 Ngizama nje ukubuka. YiNgelosi yeNkosi, ukuKhanya engikubhekile, kuza kumuntu, lapho ngiyabhekisisa, nombono uza. UNkulunkulu ofanayo owaphila ezinsukwini ezedlulayo, unguNkulunkulu ofanayo namhlanje. Asibe sekukhonzeni. Ngineqiniso ukuthi amaKristu angangithokozela ngimi lapha. Ngiyacela manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela, hloniphani ngokuzithoba, nithule ngempela, ninganyakazi, niyaphazamisa, yilokho okulimazayo. Impela uNkulunkulu waseZulwini uzobusa. Uyalwazi uthando lwethu nokukhonza kwethu.

139 Nkosi, ngisanda kushumayela iZwi, Nkulunkulu, anginasibopho ngeZwi, nginesibopho nje sokusho lokho Okushilo. Futhi ngicela Wena ukuba wenze lokho Owakwenza ngenkathi Usemhlabeni, ukuthi lababantu, amaKristu amaningi amahle lapha kulobubusuku, aKukholwayo, Nkosi, uma nje Ubungasenzela khona kanye. Nje yazisa abantu ngophawu lweqiniso ukuthi Uyaphila. Khuluma kwenye inhliziyo, Nkosi, thola ukukholwa lapha ndawondawo.

140 Ngenhlonipho yokuzithoba. NaNsi, iNgelosi yeNkosi ilenga phezu kwenenekazi khona lapha ngakwesokunxele sami. Lihlushwa yinkathazo ngezinyawo zalo nemilenze yalo. Kunjalo. Ngabe lokho...? Nkk. Tilton, yigama lakho lelo, akusilo na? Yima ngezinyawo zakho. Angikwazi, ngiyakwazi na? Angikaze ngikubone empilweni yami. Uphulukisiwe. Uthinte umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bakho.

141 O, siyibonga kanjani iNkosi yethu! Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Ngandlela thize ukuKhanya kusalokhu kulenga kowesifazane. Ubehlezi lapho ekhuleka, "Nkosi, makube yimi." Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili, nenekazi, ukuze bakwazi ukukubona. Nakho lapho okhona. UNkulunkulu eZulwini uyazi ngeBhayibheli lami, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Ubeyomazi kanjani, nokuthi ibiyini inkathazo yakhe, nokuthi ubengubani na? Uma lokho kungesiyo into efanayo Ayenza eBhayibhelini, khona-ke angilazi iBhayibheli.

142 Bangaki okukholwayo na? Thanini, "Amen." Kuhle. Hloniphani ngokuzithoba. Nizakubona okuningi uma iNkosi ithanda. Manje, phezulu kovulandi abasesitezi qhubekani nikhuleka. Macala onke, akunandaba ukuthi ukuphi, qhubeka nje ukhuleka.

143 Ngandlela thize lokho kuKhanya kusalenga phezu kowesifazane, kodwa ngenye into ethize engalungile. Qhabo, akusikho, ngowesifazane olandelayo kuye, nalowo wesifazane une—nesimila ebeleni. Kunjalo, nenekazi. Yima ngezinyawo zakho umzuzu nje ukuze ngibambe umoya wakho. Nalesosimila sisebeleni lakho lesokunxele. Kunjalo. UnguNkk. Woodward. Buyela ekhaya futhi usinde. Ungesabi ngalowomdlavuza, uJesu Kristu uphulukisa abagulayo nabahluphekile.

"Uma ukholwa!"

144 Nakho Kuya enenekazini elincane, elithe ukuba lidala, linemigqa emincane ezungeze isigqoko salo, lihlezi cishe nje imigqa emibili ngemuva kwalapho. Kwehlela kulo ngalesisikhathi. Lihlushwa yinkathazo yenyongo. Uyakholwa, nenekazi, ukuthi iNkosi izokuphulukisa, ekupheleni kohlu na? Unenkathazo yenhliziyo, futhi, uhlezi e. . . Yebo, mem. Uyakholwa ukuthi Uyakusindisa na? Ubukhuleka, isizathu ungangitholanga, ubukhuleka, uhlushwa yinkathazo yenyongo, nangenkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Phakamisani izandla zakho uma lokho kunjalo. Ubuhlezi lapho ukhuleka.

145 Bekuyinto ephindwe kabili, inenekazi elihlezi eduze kwakho linenkathazo yenyongo, nalo, lihlezi eceleni kwakho. Yima ngezinyawo zakho, nenekazi, ngoba sekunishiyile nobabili, amen, sekuphenduke kwakhanya.

146 Bathinteni na? Bathinte umPristi oMkhulu. Awu, baqhele ngamayadi angamashumi amabili ukusuka kimi, Akusimina, NguKristu, Uyazifakazela Yena uqobo, UngumPristi oMkhulu, Usaphila kulobubusuku.

147 Udumisa iNkosi, uhlezi lapho, mnumzane. Unesifo sikashukela. Angikwazi, ngiyakwazi na? Yima ngezinyawo zakho umzuzu nje, hlala khona lapho nje. Kukhona okungalungile kuwe, ya, isifo sikashukela, kukhona okungalungile egazini lakho. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe, ngayo yonke inhliziyo yakho na? [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ngiyakukholwa lokho. Angeke ngikuphulukise, mnumzane, anginandlela yokukuphulukisa, kodwa uthinte into ethile elethwe. . . Uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo. Impela. Awusuye owakulelidolobha, awusuye owakulelidolobha, ungowasendaweni ebizwa ngePittsfield, eMaine. Kunjalo. Igama lakho nguMnu. Silas Perkins. Kunjalo impela. ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo. Uyakholwa na? Hamba uye ekhaya futhi uphile-ke, yemukela ukuphulukiswa kwakho, futhi uye ekhaya futhi uphiliswe.

148 Inenekazi elincane lapho linento encane engutsheni yalo emnyama, lihlushwa yizilonda emathunjini. Futhi uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Nawe futhi unemithambo eqhansile. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla

sakho. Uyakholwa manje na? Sinda. Uma uJesu Kristu. . . Uma unokukholwa okwenele ukuMthinta, impela, unokukholwa okwenele ukuMemukela manje.

"Uma ukholwa!"

149 Ucabangani, uhlezi lapho ukhuleka, naleyonkathazo yeqolo, uhlezi lapho, mnumzane na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kukho na? Uyakholwa na? Sukuma futhi ukwemukele.

Uyakholwa na?

150 Kukhona inenekazi elihlezi phambi kwakho liphakamise isandla salo kanje, lihlushwa yinkathazo yesifuba. Kunjalo. Ukhulekela umyeni wakho ohlezi eduze kwakho, naye, uyaphuza, ufuna ukwedlula. . .Kunjalo. O, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI, lokho bekungeke kube yikho uma bekufanele. Kunjalo. Mnumzane, kwamukele manje, leyonto izohamba. Awufuni ukwenza lokho, ungumnumzane ohloniphekile kakhulu kulokho, Mkholwe.

151 Bangaki kini abakholwayo ngayo yonke inhliziyo yenu na? Uyakholwa ukuthi uBukhona baKhe bulapha na? Khona-ke uKristu owama futhi wathi indlovukazi yaseSheba iyoma ngezinsuku zokugcina futhi isilahle isizukulwane oMbonile enza lokho, futhi nangu Ukhona ekupheleni konyaka wabeZizwe enza okufanayo!

152 Manje, akukho-muntu ongakuphulukisa, ukuphulukisa sekuvele kwenziwe nguNkulunkulu. "Yalinya*zwa* ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo *si*philisiwe thina." Into kuphela noma ubani angayenza ngukukuthola wemukele into ethize Asevele eyenzile. Niyakukholwa lokho na? UmBhalo uyasho, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Ngabe kunjalo na? Awu, mangaki amakholwa esinawo na? Phakamisani izandla zenu. Bese-ke nibeka izandla zenu phezu komunye nomunye. Uma ningamakholwa, asikufakazise kuNkulunkulu ukuthi uyikholwa. Phezulu kovulandi abasesitezi. . .

153 Wena, mnumzane, onaleyonkathazo yendlala yesinye, uhlezi khona lapho ngakuleyonsika, sekuphelile konke manje, ungaya ekhaya, sekulungile.

154 Lelonenekazi elincane lapho elinaleyoTB, sekuphelile.

155 O, aniqondi yini ukuthi uBukhona baKhe bulapha na? UseBukhoneni bukaNkulunkulu ophilayo, hhayi umuntu, kodwa uNkulunkulu wangempela Ongaphilanga kuphela iminyaka eyizinkulungwane ezimbili edlule, kodwa uphila kulobubusuku khona lapha kulobubukhona manje.

156 O Nkosi Nkulunkulu, Uyazibona izandla zabo zibekwe phezu komunye nomunye, futhi ngikhulekela ukuthi Uzobapha ukukholwa. Yini enye Obungayenza, Nkosi na? Uzimemezele

Wena uqobo ukuthi ulapha, futhi ngicela ukuthi amakhulu, amandla azenzekelayo kaMoya oNgcwele azongena ngamandla kulababantu khona manje, futhi aphulukise wonke umuntu oseBukhoneni bobuNkulunkulu.

157 Sathane, usubathumbile isikhathi eside kakhulu, kodwa uyadalulwa kulobubusuku, uJesu uyeza masinyane eBandleni, futhi Uzama ukubanika ukukholwa kohlwitho, phuma kulezizethameli, wena moya kadeveli ozibophile! Ngiyakuyala, ngoNkulunkulu ophilayo, ukuthi uphume, eGameni likaJesu Kristu!

158 Wonke umuntu lapha, akunandaba ukuthi ukhubazeke kanjani, noma ngabe ubuyini, uma ukholwa ukuthi uJesu Kristu ulapha futhi Ukhona, sukuma ume ngezinyawo zakho, angikhathali ukuthi ungubani, sukuma, vayizelisa izandla zakho ezikhubazekile emoyeni. Manje sekuphelile, usuphulukisiwe, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

